

# Soek jy 'n fantastiese tutor?

[www.teachme2.com/matriek](http://www.teachme2.com/matriek)



*Confidential*



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NOVEMBA 2024**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayi-6.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:  

ISIQEPHU A: Indaba	(50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho ngamaphuzu (uhlaka) noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:  

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80	
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40	
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30	
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.
10. UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- |     |   |             |
|-----|---|-------------|
| 1.1 | Bavele Baphela Nya Ubuthongo                                | <b>[50]</b> |
| 1.2 | Le nto Angisoze Ngayikhohlwa Impilo Yami Yonke              | <b>[50]</b> |
| 1.3 | Ngavele Ngabona Ngezithombe                                 | <b>[50]</b> |
| 1.4 | Ubuhle Nobubi Bokuqasha Amalungu Omndeni Ebhizinisini       | <b>[50]</b> |
| 1.5 | Kukhona Abantu Abangeke Bashintshe noma Ngabe Isimo Sinjani | <b>[50]</b> |

Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7 NOMA 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6



[Sicashunwe ku-[www.google.com](http://www.google.com)]

**[50]**


1.7



[Sicashunwe ku-[www.google.com](http://www.google.com)]

[50]

1.8



[Sicashunwe ku-[www.google.com](http://www.google.com)]

[50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A:**

**50**



**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

**3.1 IKHADI LESIMEMO**

Isikole sakho sizoba nomdlalo wasesiteji wencwadi ethi: 'Icala Kaliboli.'

Bhala **ikhadi lesimemo** ozomema ngalo ezinye izikole.

**[20]****3.2 IDAYARI**

Uyoqala imfundo yakho ephakeme enyuvesi yaseKapa ngomhla lu-1 kuFebruwari/kuNhlolanja 2025.

Bhala **idayari** yezinsuku ezintathu ngamalungiselelo ozowenza ngaphambi kokuya enyuvesi.

**[20]****3.3 IMIYALELO: IRESIPHI**

Buka lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha izithako ongazisebenzisa ukwenza ibhega yakho ozoyiphatha esikoleni.



Bhala **iresiphi** yokwenza ibhega.

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C:**  
**AMAMAKI ESEWONKE:**

**20**  
**100**